


# Ukufunda ngamaqembu okuholwayo

## Ngaphambi kokufunda

- Phenya amakhasi endaba abazoyifunda.
- Tshela abafundi ukuba baqagele ukuthi indaba izoqhubeka kanjani uma kususelwa esihlokweni nasemifanekisweni.
- Yethula amagama amasha noma alukhuni ngaphambi kokuba abafundi baqale ukufunda incwadi.
- Yenza amakhadi amagama ukwethula amagama amasha. (Thola uhlu lwamagama amasha ngaphakathi.)

## Ukufunda kokuqala

- Abafundi kumele bafunde umbhalo ngamunye.
- Abafundi kumele bafunde buthule noma "bawufunde ngokuhleba" umbhalo.
- Suka kumfundi uye kolandelayo, ucele umfundi ngamunye ukuba afunde isigaba sombhalo kuzwakale.


## Ingxoxo

- Funda imibuzo yokuqondisisa esuselwa embhalweni.
- Gxila emisindweni, emagameni ajwayelekile kanye nasemagameni amasha.
- Uyothola imisebenzi esekugcineni kwale ncwadi ilusizo ekuholeni ingxoxo. (Khetha imisebenzi efanele izinga labafundi.)

## Ukufunda kwesibili

- Ezinsukwini ezilandelayo,nikeza abafundi ithuba lokuyifunda futhi incwadi, ngababili noma ngamunye.
- Gxila ekufundeni ngokugeleza, ekusetshenzisweni kolimi nasemagameni amasha.
- Abafundi mabaqedele imisebenzi yeqembu eholwayo etholakala ngemuva kwale ncwadi. (Khetha imisebenzi efanele izinga labafundi.)

*Abafundi mabadlale balingise okwenzeka endabeni uma umbhalo uvumelana nalokho.*





*Abafundi kumele benze imisebenzi yokufunda ngamaqembu ngemva kokufunda. Abafundi mabasebenze ngamaqembu ukuqedela imisebenzi efanele etholakala ngemuva kule ncwadi. Imisebenzi ebhalwayo kumele yenzelwe ezincwadini zokubhalela, hhayi kule ncwadi.*

Bonke abangani bakaBheki babenamabhayisikili.
NoBheki wayefisa ukuba nelakhe.
Wayebukela lapho abangani bakhe begibele amabhayisikili abo beya esikoleni.
"Oh bandla, nami ngifisa ukuba nebhayisikili," kusho uBheki.



Kwathi lapho uBheki eqeda iminyaka eyisishiyagalombili, unina noyise bamthengela ibhayisikili elibomvu. Kwakuyisipho sosuku lwakhe lokuzalwa.



UBheki wajabula kakhulu. "Hawu!" "Hawu!" ememeza ngenjabulo. "Bengihlale ngifuna ukuba nebhayisikili. Manje sengingagibela ngihambe nabangani bami."

Wagxuma wakhwela ebhayisikilini lakhe elisha, kodwa wavele wawa.

Wazama futhi, laphinde lamthela phansi, kodwa akaphelanga amandla, wayelokhu ezama.

UBheki wayengakwazi ukugibela ibhayisikili.





Maye babo! Kodwa ngizokwenzenjani?

Walidudula ibhayisikili walingenisa ekamelweni lakhe. Lama ngasembhedeni wakhe. Zonke izinsuku wayelesula ukuze licwebezele.

UBheki walibuka ibhayisikili. "Sengathi ngabe nami ngiyakwazi ukuligibela," ecabanga. "Kumele ngidale icebo."


"Bheki, woza ugibele nathi," kumemeza abangani bakhe.

"Ngisesula ibhayisikili lami," kusho uBheki.

"Awuphumeli ngani phandle ugibele nabangani bakho?" kubuza umama kaBheki. "Ngisalungisa ihutha yalo," kusho uBheki.



UBheki akazange atshele muntu ngemfihlo yakhe. Wayengakwazi ukugibela ibhayisikili.



Njalo ebusuku uBheki wayeya engadini afike azame ukugibela ibhayisikili lakhe kungaboni muntu.

Kodwa uBheki bandla wayelokhu ewa, waze walimala waba nemihuzuko.



Ebusuku ngelinye ilanga umngani wakhe uJane wambona uBheki ezama ukugibela ibhayisikili lakhe.

"Bheki!" ememeza, "angikubambele ibhayisikili ukuze wena ugibele."



UJane wababamba
ibhayisikili wagijima
ngemva kukaBheki.

UBheki wawa kanye,
wawa kabili, akabe esawa.

"Angisawi manje,
sengiyakwazi ukugibela!"
kumemeza uBheki.



Ukushova kukaBheki kwaya ngokushesha manje.
UJane wayegijima ngemva kwakhe.

Nanguya eqhubeka, nenja yakhe uMhloshana elokhu egijima eduze kwakhe.

"Nakho-ke!" kumemeza uJane.
"Yebo!" kumemeza uBheki sekumnandi ukugibela kunonyezi.



Ngakusasa uBheki wagibela nabangani bakhe sebeya esikoleni. Wajabula ngoba wayengalilahlanga ithemba.



Uma ungaphumeleli ekuqaleni, zama, uzame, uzame futhi!

# Imisebenzi yokufunda ngamaqembu




1 Bheka izithombe.
Tshela umngani wakho ukuthi:

- kwenzekani esithombeni ngasinye.
- yisiphi isithombe okumele sibe ngesokuqala, esesibili nesesithathu.
- yisiphi isihlokwana esihambisana nesithombe ngasinye.




| | | |
|---|---|---|
| UBheki waya esikoleni ngebhayisikili lakhe. | UJane wamsiza uBheki ukuba akwazi ukugibela ibhayisikili lakhe. | Abazali bakaBheki bamthengela ibhayisikili. |



2 Fundela umngani wakho imisho elandelayo. Emva kwalokho landelanisa imisho ngendlela efanele.


a. UBheki waya esikoleni ngebhayisikili lakhe.
b. UBheki wayefisa ukuba nebhayisikili.
c. UJane wasiza uBheki ukuba akwazi ukugibela ibhayisikili.
d. UBheki wayengakwazi ukugibela ibhayisikili.
e. UBheki wathola ibhayisikili njengesipho sosuku lwakhe lokuzalwa.



3 Sebenzisa le misindo ukwakha amagama azoqondana nezithombe.

| imb- | utsh- | imf- | ump- | ikl- | int- |
|---|---|---|---|---|---|

| | | |
|---|---|---|
|  |  |  |
| _____ani | _____ompi | _____abishi |
|  |  |  |
| _____aba | _____ali | _____ologo |



4 Kopishela encwadini yokubhalela umusho ongaphambi kowokugcina endabeni. Dweba isithombe ukukhombisa okushiwo ngumusho.




5 Xoxa ngale ndaba.

a. Kwenzekani ekuqaleni kwayo?
b. Kwenzekani phakathi nayo?
c. Indaba iphela kanjani?



6 Phendula imibuzo elandelayo.

a. Yini isihloko sendaba?
b. Ngobani abalingiswa abaqavile endabeni?
c. Ucabanga ukuthi yini eyenza uBheki abe nezaba eziningi lapho abangani bakhe bembiza ukuba agibele?
d. UBheki wenza liphi icebo lokufunda ukugibela ibhayisikili?
e. Ucabanga ukuthi uJane wayengumngani omuhle? Usho ngani?
f. Yimuphi umbuzo ofuna ukuwubuza uthisha wakho ngale ndaba?



7 Ake uzicabange unguBheki. Bhala ikhadi lokubonga kuJane ngokukusiza kwakhe.

NGIYABONGA



____________ othandekayo

________________________

________________________

________________________

________________________

________________________

________________________

Livela ku-______________

Izinga lesi- 3

# Incwadi yoku- 1

| | |
|---|---|
| Isihloko: | Ibhayisikili likaBheki elisha |
| Ulimi: | IsiZulu |
| Izinga: | Incwadi yokufunda yoLimi Lwasekhaya<br>Ibanga lesi-2, Izinga lesi-3 Incwadi yoku-1 |
| Uhlobo lombhalo: | Indaba |
| Amagama ajwayelekile: | wawa, gibela, abangani, isipho, cabanga, memeza, zama, gxuma |
| Ulwazimagama: | cwebezela, bukela, ihutha, imihuzuko, klabalasa, unyezi, dudula, isu |
| Imisindo: | mb, tsh, mf, mp, kl, mf, nt |
| Okuqukethwe, imiqondo namakhono: | ▪ Uchaza izithombe.<br>▪ Ulandelanisa izithombe ngendlela efanele.<br>▪ uQondanisa izihlokwana nezithombe.<br>▪ Ulandelanisa okwenzekayo ngendlela efanele.<br>▪ Usebenzisa le misindo ukuqedela amagama: mb, tsh, mf, mp, kl, mf, nt<br>▪ Ukopisha umusho owendulela owokugcina endabeni awenzele isithombe.<br>▪ Uxoxa indaba aveze isiqalo, imaphakathi nesiphetho.<br>▪ Ufunda aphendule imibuzo yokuqondisisa.<br>▪ Ubhala ikhadi lokubonga. |

ICAPS ifuna ukuba othisha babeke eceleni isikhathi nsuku zonke sokubhekana nokufunda kweqembu okuholwayo. Ukufunda kweqembu okuholwayo kudinga abafundi asebesezingeni elifanayo lokwazi ukufunda umbhalo ofanayo emaqenjini, beholwa nguthisha.

Ekufundeni ngamaqembu okuholwayo, othisha bahola abafundi abasezingeni elifanayo lokufunda ekufundeni incwadi efanayo beseqenjini.

Isikhathi sokufunda kumele simbandakanye izinhlobo zamasu ehlukahlukene zokufunda nokuqondisisa okudingwa abafundi uma befunda.

Isu lokufunda ngempumelelo lidinga futhi ukuxoxisana ngombhalo phakathi kukathisha nabafundi, naphakathi kwabafundi emaqenjini.

Lezi zincwadi zinemisebenzi yokuqondisisa kanye neminyaka ehambelana nokufunda ngokuqondisisa ukusiza othisha ukuze bakwazi ukuhola ukufunda ngamaqembu emakilasini.

ISBN 978-1-4315-2521-8
9 781431 525218

Rainbow WORKBOOKS

ISBN 978-1-4315-2521-8

**THIS BOOK MAY NOT BE SOLD.**

basic education
Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

Published by the Department of Basic Education
222 Struben Street, Pretoria
South Africa

© Department of Basic Education
First edition 2016

The Department of Basic Education has made every effort to trace copyright holders but if any have been inadvertently overlooked, the Department will be pleased to make the necessary arrangements at the first opportunity.

## Ezinye izincwadi eShalofini Lezincwadi zeBanga lesi-2 zoLimi Lwasekhaya.

### Izinga loku- 1

- UZinhle uthola abangani abasha
- Yimpilo yenja
- Idube layithola kanjani imithende?
- UJeri uyathanda ukufunda

### Izinga lesi- 2

- Indlovu nomboko wayo
- Benza kanjalo abangani
- Ichwane elibi ledada

### Izinga lesi- 3

- Ibhayisikili likaBheki elisha
- Izilwane ziya olwandle
- Kwasiza uMkhomomkhulu